



IJERUSALEMA ELISHA

Amabandla Emhlabeni Wonke


UMfundisi Tony Alamo

Isizwe SamaKristu Sakwa-Alamo

Tony Alamo Christian Church  
NEW JERUSALEM MINISTRIES  
Services Every Evening 8pm Sunday 2pm

IVolumu 12700

# UKUBA NOKRISTU KUWE



UMfundisi Alamo wayebhabhadisa oLwandle olukhulu i-Pacific kusukela ekuseni kakhulu kuze kuyoshona ilanga ebusuku.  
Izithombe zithathwe      ngo 1971

## ngu Tony Alamo

Ukukhula ekumazini uJESU, kusho ukukhula nasekwazini ukuthi YENA ungaphezu kokwanele. Uma sizolanda uKRISTU, kuzomele siphile ngokwehlukile kunalokhu esikutshelwa izwe. Ubunzima esibutholayo yibheji lethu lodumo.

Ukubona UJesu ukubona uBABA.<sup>1</sup> "UFiliphu wathi KUYE, NKOSI, sikhombise uBABA, kusanele. UJESU wathi kuye, Isikhathi esingaka nginani, awukangazi, Filiphu, na? Ongibonile MINA ubonile uBABA; usho kanjani ukuthi, Sikhombise uBABA, na?" (NgokukaJohane 14:8-9).

Thina bantu sifanele ukuhlola nokwahluvela zonke izinto ngeZWI likaNKULUNKULU.<sup>2</sup> "Ongalayo MINA, engawamukeli amazwi AMI, unomahluvelayo: iZWI engalikhulumayo, yilona eliyakumahlulela ngosuku lokugcina" (NgokukaJohane 12:48).

Kumele simbonge njalo uNKULUNKULU ngakho konke esinakho.<sup>3</sup> Cela ukuba uNKULUNKULU akukhanyisele ngobuYENA. IZWI LAKHE liyakisikhanyisela ukuba singahamba kanjani eZWINI likaNKULUNKULU, noMOYA ONGCWELE, hhayi ngeSabatha kuphela, kodwa zonke izinsuku, ngokuba iSabatha linsuku zonke.<sup>4</sup> Kumele siphumule, sitthithe iSabatha, eNKOSINI njalo sisuke ezindleleni zethu zakudala, ezonakeleyo (AmaHeberu 4:1-11). Umphefumulo wami useMlilweni Ongcwele ngenxa kamoYA ONGCWELE. Yiba ngovumayo ukuthwalisa abanye isiphambano (KwabaseGalathiya 6:2). UJESU wazela abagulayo, hhayi abaphilayo! UJESU wathi, "Abaphilileyo abadingi inyanga, ngabagulayo bodwa: kangizelanga ukubiza abalungileyo, kodwa izoni ukuba ziphenduke" (NgokukaMarku 2:17).

AmaKhatholika akholwa ukuthi kubili ukwahlulelw, okokuqala kuba kuyisihlanzo (i-purgatory). Lokhu akusilo iqiniso. Asikho isihlanzo (i-purgatory)<sup>5</sup> IZWI likaNKULUNKULU lithi, "Futhi njengalokhu kumiselwe abantu ukuba bafe kanye, emva kwalokhu ukwahlulelw [ukwahlulelw okukodwa, akukho ukuphindukuzalwa (i-reincarnation)]" (KumaHeberu 9:27). Ingaphakade limi kuze kubephakade. AmaKhatholika athembela ngokweqile ezintweni zeze (a-superstitious ngokweqile) futhi aphambene ngokweqile nokukholwa okuyikho (a-heretical).

Uma sesizalwe kabusha, asoni, ngokuba lowo owonayo ungokaSathane.<sup>6</sup> "Owenza isono ungokaSathane; ngokuba uSathane uyona kwasekuqalen" (1 kaJohane 3:8). Asiyizo izoni, kodwa amado-  
(Kuyaqhubeke ekhasini 2)

<sup>1</sup> Joh. 8:19, 10:30, 38, 14:7-11, 20, 23, 15:24, 17:21 <sup>2</sup> 1 Kor. 2:12-16, 6:1-4 <sup>3</sup> AmaH. 100:4, Rom. 1:21, Ef. 5:2-5, 17-20, Kol. 1:10-13, 3:15-17, 1 Thes. 5:18, Heb. 13:15 <sup>4</sup> Math. 11:28-30, Rom. 8:1-6, Heb. 4:9-10 <sup>5</sup> Math. 25:31-46, Heb. 9:27, 10:26-29, IsAmb. 20:12-15 <sup>6</sup> Rom. 6:1-4, Gal. 2:16-20, 1 Joh. 3:9

# UKUBA NOKRISTU KUWE

(Kuyaqhubeka kusukela ekhasini 1)

dana kaNKULUNKULU, isizwe samak-hosi nabapristi! “Ngokuba bonke abahol-wa nguMOYA kaNKULUNKULU, labo bangamadodana kaNKULUNKULU” (KwabaseRoma 8:14). “Kepha nina ni-luhlanga olukhethiweyo, ubupristi obo-bukhosi, isizwe esingcwele, abantu aba-zuziweyo; ukuze nishumayele ubukhosi baLOWO owanibiza niphume ebumnyameni, ningene ekukhanyeni KWAKHE okumangalisayo” (1 kaPetru 2:9).<sup>7</sup>

UJESU wathi kuMathewu 10:40, “Onamukela nina uyangamukela MINA; ongamukela MINA, uyamamukela on-

githumileyo.” UJESU uthi, Uma ningangan-gamukeli mina, Tony Alamo, oshumayela lokho okushiwo yiZWI likaNKU-LUNKULU nciamashi, animamukeli uJESU, futhi animamukeli uBABA. Uma sahlulela ngalokho okushiwo uJESU, baningi abantu abasamukelayo!

Abantu bakhuluma iphutha bathi uNKULUNKULU akazisusi YENA kubantu asebeke baMazi;<sup>8</sup> kodwa baningi asebe-vumele uSathane ukuba angene kubo futhi abasebenzise.<sup>9</sup> Ubukhona bukaNKULUNKULU, UMOYA WAKHE, usukile kubo futhi abawu “qondanga,” abawazanga!<sup>10</sup>

Izinto ezinhle zenzeka kulabo abalin-dayo. “Ngokukhuthazela kwenu niyakuzuza imiphefumulo yenu” (NgokukaLuka 21:19).

Kungani AmaKhatholika ethi ulimi lwestiLathini luNgcwele lapho iBhayibheli

lingabhalwanga ngamaRoma, kodwa ilabo ababe ngamaHebheru, ababekhuluma isi-Hebheru, isi-Aramaic, kanye nesiGriki esi-Hellenic, okwakuyisiGriki esikhulunyuwa ngamaJuda? Amajuda kwakungabantu uNKULUNKULU abasebenzisa ukwemukela uMOYA wokubhala imiBhalo Engcwele, hhayi amaRoma nakancane! UPetro aka-kaze abe nguPhapha; wayengomunye wa-baphostoli bakaKRISTU, futhi engumfundikaKRISTU.<sup>11</sup> UJESU uyasixwayisa ukuba sidede kubaphrofethi bamanga kanye ne-zinkolo zamanga.<sup>12</sup> “Xwayani abaprofethi bamanga, abea kini bembathise okwezimvu, kepha ngaphakathi bayizimpisi eziphangayo” (NgokukaMathewu 7:15).

UNKULUNKULU akakaze athi um-shado mawube nonkosikazi oyedwa kuphela.<sup>13</sup> Baningi abangcwele ababena-

(Kuyaqhubeka ekhasini 4)

<sup>7</sup> IsAmb. 1:6, 5:10 <sup>8</sup> Dut. 31:16-18, Josh. 24:20, 1 Sam. 15:16-28, 1 IziKr. 28:9, Hez. 33:12-13, Math. 12:43-45, Luk. 9:62, Joh. 15:6, Kol. 1:21-23, 2 Thim. 2:12, Heb. 3:6-19, 4:1-11, 6:4-8, 10:25-31, 38-39, 2 Petr. 2:20-22, 2 Joh. 9, Juda 5-6, IsAmb. 2:4-5, 3:2-3 <sup>9</sup> 1 Sam. 15:11, 16:14, 28:7-19, 31:1-6, 1 AmaKh. 3:3-14, 9:1-9, 11:1-34, Math. 10:1-4, 26:14-16, Joh. 13:1-2, 21-27, 18:1-5, 2 Petr. 2:18-22 <sup>10</sup> AbAhl. 16:20 <sup>11</sup> Math. 10:2, Luk. 6:13-14, 1 Petr. 1:1, 2 Petr. 1:1 <sup>12</sup> Math. 16:6-12, 24:11, 24, Mark. 8:15-21, 12:38-40, 13:21-23, Luk. 12:1-2, 20:46-47, 2 Petr. 2:1 <sup>13</sup> Eks. 21:10, Dut. 21:15-17, 25:5-6, AbAhl. 8:30, 12:8-9, 13-14, 2 Sam. 3:2-5, 5:13-16, 12:7-8, Isaya 4:1, Math. 5:17, 1 Thim. 4:1-3

## IZINCWADI EZIYA KUMFUNDISI ALAMO

### Zambia

Zinceku zikaNkulunkulu,

Ngibhala ukuze ngibonge uNkulunkulu ngalokhu akwenzayo ezimpil-weni zabantu ngezincwadi zenu, madoda kaNkulunkulu; abantu abanangi abafunda lezizincwadi bayazinikela izimpilo zabo eNkosini uJesu Kristu. Abanye bay-vuseleka ekukholweni kwabo futhi bay-aqhube ka nokudumisa uNkulunkulu ngesibusiso esinje. Kuyangithobisa ukuthi ngalezizincwadi sengiphenduke umvan-geli. Ngifinyelela kubantu ngeZwi likaNkulunkulu. Okunye futhi, indlu yami isiphenduke isizinda lapho abantu bethola khona iZwi likaNkulunkulu. Lokhu kuyangithobi-sa. INkosi iyaqhubeka ukuthumela abantu abanangi abavela ezindaweni ezahlukene zedolobha lethu eliyihlane kanye nezinye izindawo ezingomakhelwane, ukaza ukuzolanda ingxenyenye yezincwadi zokukhule-ka nokuzisabalala ngokucophelela.

Ngiyakhuleka ukuba wandise isibalo sezincwadi ozithumela ngakithi, ukuze uNkulunkulu asisebenzise kakhulu ukufinyelela ezindaweni eziningi. Bengicela nisithumele ezinye izihloko futhi ukuze sjule ekwenzeni lomsebenzi ohloniphek-ile wokufinyelela emiphefumulweni em-iningi ngevangelii, zinceku zikaNkulunkulu.

Kungumkhuleko wami ukuba sifinyelele emagubhini akhohlakele ewe lethu ngezincwadi, sisavangela kulelizwe. Ngicela nisithumele amakhophi awu 3,000 ezi-hloko ezahlukene zezincwadi. Sithumeleni eziningi ze “Dry Bones (Amathambo Omi-leyo),” “Intaba Enzima (Difficult Mountain),” “Ziqinise (Brace Yourselves),” “Izimfiho zikaPhapha (The Pope’s Secrets)” ukuze si-funde kanye ne “Qaphela iziBusiso zeVati-can (Beware of the Blessings of the Vatican).”

Siyazikhulekela izinkonzo zenu ukuze iNkosi elungileyo inibusise ngokungaphezulu nisafinyelela emhlabeni wonke ngalomlayezo. Ngafunga ngok-wami ukusabalalisa lelezwi ukuze ngibe yingxenyenye yomyalelo omkhulu.

Sengathi iNkosi elungileyo inganibusisa ngokungaphezulu futhi ininothise ngokuphila okuphakade nisafeza umy-alelo Wakhe omkhulu ngaphansi komt-hunzi welanga.

Sengathi uNkulunkulu angabusisa umsebenzi wezandla zenu, inkonzo, kanye neminden yenu yonke.

Owenu kuKristu,  
U-Chileshe Amos Muselema  
E-Mpulungu, Zambia, Africa

### Texas

Mfundisi Tony Alamo othandekayo,

Ngiyawuthanda umculo wokholo wa-maKristu. Ugcwele umoya. Ngiyethemba uzowudala emvuselelweni ehlewe yiNkosi. Uyamangalisa. Ngiyakhumbula ngingibukele wena noSusan ngesikhathi ngina 12 noma 15 weminyaka, kumabon-akude. Njengoba sasingabantwana abay-isithupha, kwakumele sihlanganele ndawonye ukubuka umabonakude owodwa. Ngakubona imizuzu cishe emithathu (3) nje kanti futhi angikhohlwanga umuzwa omnandi engaba nawo ngokubuka uhle-lo lwenu lwamaKristu.

Ngothando, U-Ysela      E-El Paso, Texas

### Uganda

Umoya wami wakhushulwa wakhishwa ebumnyameni ngesikhathi ngithola ithuba lokuthola enye yezincwadi zakho zezindaba kumngani. Yashintsha impilo yami ngokuphelele. Ngicela ezinye zezincwadi zezindaba. Kuyobe kungukuqala kwama-Uganda ukuba azi amandla kaNkulunkulu. Ngisindisiwe futhi ngiyamthanda uNKULUNKULU kanti futhi ngifisa ukusebenzela Yena impilo yami yonke.

UNkulunkulu akubusise ngokucebileyo.  
U-Ocean Headreen  
E-Kampala, Uganda, Afrika

## EJalimane

Bafowethu noDadewethu abathandekayo kuKristu, Ngokuzithoba ngiyanibingeleta egameni leNkosi noMsindisi wethu uKristu. Nokho-ke, kade ngibheka iwebhusaythi yenu futhi ngiyayithanda kakhulu. Ngingajabula kakhulu uma kungenzeka ukuba ningithumelele ezinye izincwadi zobuKristu (Iflaya, Izincwadi zezindaba, Incwadi UMesiya, IBhayibheli) ukuze sicobelelane nabantu esinabo. Bengijwayele ukuya ejele, ngivakashele abantu lapho. Ngiyethemba bazozithanda lezimfundiso. Ngiyothokoza kakhulu ukuzwa kuwe ngokushesha emva kokuba uthole i-imelyi yami. Hlalani nibusisekile eNkosini.

U-Andre J. Schön

E-Sankt Augustin, Ejalimane

## Endiya



UMvangel G. Prasanth Henry kanye namalunga ebandla, abasabalalisi bezincwadi zezindaba zikaMfundisi Alamo e-Andhra Pradesh, Endiya

## Pakistan

Mfundisi Tony Alamo othandekayo,

Makabongwe uNkulunkulu ngalomsebenzi omuhle owenzayo. Ngiyitholile imilayezo yakho ngeposi. Ngiyajabula kakhulu ukuyithola futhi ngiyithole igcwele ukuhlakanipha kukamoya nokukhula kukamoya. Sengcobelele nabanye babangani bami ngemilayezo, futhi bayajabula kakhulu kanti futhi bayakuthakasela ukusabalalisa iZwi likaNkulunkulu eliphilayo. Ngicela uqhubeke nokungithumelela nyanga zonke kanye nencwadi yakho UMesiya. Ngicela ungikhulekele kanye nabangani bami sisacobelelana neminye imiphefumulo edukile lemyalezo. UNkulunkulu asibusise sonke. Ngiyaphinda futhi ukubonga, Mfundisi Tony Alamo, ngokungithumelela imilayezo yakho.

U-M.M.

E-Karachi, Sindh, Pakistan



INKONZO KA-ALAMO EKU-INTANETHI  
www.alamoministries.com

## Scotland

Bandla elithandekayo,

Ninewebhusaythi encomekayo, iwebhusaythi yamaProtestani angempela. Ngicela ningithumelele iBhayibheli kanye nezincwadi.

UNkulunkulu abe nani,

U-Mary

E-Glasgow, Scotland, UK

Ndoda kaKristu ethandekayo,

Ngiyakubingeleta ngenhliziyo efudumele kanye nawo wonke amalunga athandekayo eZinkonzweni zamakristu zikaTony Alamo egameni elihle leNkosi noMsindisi wethu uJesu Kristu!

Ngiyethemba ukuthi uzitholile izithombe zokusabaliswa kwezincwadi; izincwadi zakho ziyangisiza kakhulu emasimini evangeli. Kuyisikhali esinamannda sokuzuzela imiphefumulo kuKristu. Ngakho ngiyakucela ngomusa ukuba uqhubeke ukungithumelela izincwadi njalo ukuze kwakhiwe futhi kusimamiswe umbuso weNkosi kulelizwe labahedeni.

Siyakukhulekela wena nabasebenzi bakho bonke, iminden, nayo yonke imizamo oyenzayo ukwakha nokusimamisa umbuso weNkosi emhlabeni ngeNkonzo yamaKristu yakwaTony Alamo. Sesilangazelele ukuzwa kuwe masinyane. Impendulo yakho enomkhuleko okhuthazayo iyosinika amandla amakhulu okusebenzela udumo Lwakhe ngempumelelo.

Ngiyakubonga ngisalindile.

Owakho ekuMkhonzeni,

UMvangel G. Prasanth Henry,

E-Harvest India Ministries

Esifundeni sase West Godavari, E-Andhra Pradesh, Endiya

## Peru

(Ihunyushwe isuselwa kwiSpanish)

Mfowethu,

Ngiyitholile imilayezo yakho yamakhasethi. Ibe yisibusiso esikhulu. Qhubeka nokungithumelela izincwadi zeBhayibheli. Ngidinga amabhayibheli amanangi kanye nezincwadi osihloko sazo singuMesiya, izindatshana, kanye nazozonke izincwadi onazo, ngokuba ziysisibusiso kakhulu kithina. UNkulunkulu akubusise.

Bazalwane, qhubekani nokusithumela izincwadi zenu. Ningakhohlwa isicelo esiphathelene nami uqobo mayelana nezfundo zeBhayibheli. Sizuzela kuKristu imiphefumulo eminingi. Sikhulekela ukuthi ngolunye usuku niyosivakashela lapha ePeru. UNkulunkulu anibusise, bazalwane.

U-Andres Chiroque Silva E-Sullana, Peru

# UKUBA NOKRISTU KUWE

(Kuyaqhubeka kusukela ekhasini 2)

makhosikazi angaphezu koyedwa.<sup>14</sup> Owesifazane angaba nendoda eyodwa kuhphela.<sup>15</sup> UNKULUNKULU, uKRISTU, akakwahluleli lokhu neze, kodwa YENA Uyakwahlulela ubungqingili bomshado wabantu abanobulili obufanayo kanye nazozonke izinhlobo zobungqingili!<sup>16</sup>

UJESU uyiZWI likaNKULUNKULU (NgokukaJohane 1:1, 14). Ukumazi uJESU ukwazi iZWI likaNKULUNKULU. UJESU, uliZWI, unguMOYA ONGCWELE futhi kanye Nokuphila Okuphakade. Uku- ba Nokuphila Okuphakade kuwe, uKRIS- TU kumele abe kuwe, ngoMOYA. Ukuze kwenzeke lokhu, yisho lomthandazo:

NKOSI yami, NKULUNKULU wami, yiba nesihe phezu komphefumulo wami, umoni.<sup>17</sup> Ngiyakholwa ukuthi UJESU KRISTU uyiNDODANA kaNKU- LUNKULU ophilayo.<sup>18</sup> Ngiyakholwa ukuthi Wafa esiphambanweni futhi wachitha igazi LAKHE eliyigugu ukuze ngithethelwe zonke izono zami engi- zenze ngaphambilini.<sup>19</sup> Ngiyakholwa ukuthi UNKULUNKULU wavusa UJE- SU kwabafileyo ngamandla KAMOYA

OYINGCWELE,<sup>20</sup> nokuthi Uhlezi ngak- wesokunene sikaNKULUNKULU nga- lomzuzu elalele ukuvuma kwami izono zami kanye nalomthandazo.<sup>21</sup> Ngivula umnyango wenhlizyo yami futhi ngi- yakumema ukuthi ungene enhliziyeni yami, NKOSI JESU.<sup>22</sup> Ngihlanze kuzo zonke izono zami ezingcolile egazini eliyigugu, othe walichitha esikhundleni sami, esiphambanweni eKhalivari.<sup>23</sup> Angeke ungichithe ungilahlele ngaphandle NKOSI JESU. Uzongithethelela izono zami futhi usindise umphefumulo wami. Ngiyazi ngoba IZWI LAKHO, iBhayibheli, lisho njalo.<sup>24</sup> IZWI LAKHO lithi akekho namunye umuntu oyom- dikila umlahlele ngaphandle futhi lokhu kubandakanya nami.<sup>25</sup> Ngakho-ke ngi- yazi ukuthi ungizwile, futhi ngiayi ukuthi ungiphendulile, futhi ngiayi ukuthi ngisindisiwe.<sup>26</sup> Futhi Ngiyabonga, NKOSI JESU ukuthi usindise umphefumulo wami, kanti futhi ngizokhombisa ukubonga kwami ngokwenza njengoba ungiyala futhi ngingabe ngisona.<sup>27</sup>

Ngemuva kwensindiso, uJESU wathi kubalulekile ukubhaphathizwa, ngokuphelele emanzini, egameni likaYise, neleNdodana, nelikaMoya OYINGCWELE.<sup>28</sup> Ngenutha- lo fundiswa iBhayibheli, wenze lokho eli- kushoyo.<sup>29</sup> USimakade ufuna utshele abanye ngensindiso yakho. Ungaba wumuntu

ohambisa ivangeli lezincwadi zikaMfundisi uTony Alamo. Sizokuthumelela izincwadi mahhala. Shaya ucingo noma uthumele i- imeyli ukuze uthole ulwazi oluthe xaxa. Ya- belana ngalomylezo nomunye umuntu.

Uma ufuna umhlabu usindiswe, njengoba eyala UJESU, ungamphangi uNKULUNKULU okweshumi kwakhe neminikelo. UNKULUNKULU wathi, “Ingabe umuntu angaphanga uNKULUNKULU na?” Nokho niyangiphanga. Kepha nina nithi, “Sikuphange kanjani na?” Ngokweshumi nangeminikelo. Niqalekisiwe ngesiqalekiso: ngokuba niyan- giphanga, sizwe sonke [nalelizwe lonke]. Ngenisani konke okweshumi [‘okweshumi’— u10% weholo lakho liphelele] enqolo- baneni, ukuze kube khona inyama [nokudla okungokomoya] endlini YAMI. [Imiphefumulo iyasindiswa] Futhi ningivivinye ngaloku, usho uJehova-Sebawoti, uma mina angeke ngikuvulele amafasitela ezulu, futhi ngithululele izibusiso kuwe, ngendlela yokuthi angeke ubenendawo eyaneleyo uku- zemukela endlini yakho. Mina ngiyokuza umushwabadi ochithayo ngenxa yakho, futhi ngeke achithe izithelo zomhlabathi wakho; nomvini wakho ngeke waphonsa izithelo zawa ngaphambi kwesikhathi endle, usho uJEHOVA-Sebawoti. Futhi zonke izizwe zi- yokuthi nibusisiwe ngokuba niyakuba yizwe elijabulisayo, usho uJEHOVA SEBAWOTI” (Malaki 3: 8-12).

<sup>14</sup> Gen. 16:1-3, 25:6, 29:20-29, 30:4, 9-10, Eks. 2:21, Num. 10:29, 12:1, AbAhl. 8:30-31, 1 Sam. 1:1-3, 25:39-44, 2 Sam. 3:2-5, 5:13, 15:16, 1 IzKr. 1:32, 2:46-48, 14:3, 2 IzKr. 13:21, 24:2-3, Hos. 1:2-3, 3:1-2 <sup>15</sup> Lev. 20:10, Math. 5:32, 19:3-9, Rom. 7:1-3, 1 Kor. 7:39 <sup>16</sup> Gen. 19:1-13, 24-25, Lev. 18:22, 20:13, Dut. 23:17, AbAhl. 19:22-25, 1 AmaKh. 14:24, 15:11-12, Rom. 1:20-32, 1 Kor. 6:9-10, 1 Thim. 1:9-10, 2 Thim. 3:1-5, Juda 7 <sup>17</sup> AmaH. 51: 5, Rom. 3:10-12, 23 <sup>18</sup> Math. 26:63-64, 27:54, Luk. 1: 30-33, Joh. 9:35-37, Rom. 1:3-4 <sup>19</sup> IzE. 4:12, 20:28, Rom. 3:25, 1 Joh. 1:7, IsAmb. 5: 9 <sup>20</sup> AmaH. 16: 9-10, Math. 28: 5-7, Mark. 16: 9, 12, 14, Joh. 2:19, 21, 10: 17-18, 11:25, IzE. 2:24, 3:15, Rom. 8:11, 1 Kor. 15: 3-7 <sup>21</sup> Luk. 22:69, IzE. 2:25-36, Heb. 10:12-13 <sup>22</sup> 1 Kor. 3:16, IsAmb.3:20 <sup>23</sup> Ef. 2:13-22, Heb. 9:22, 13:12, 20-21, 1 Joh. 1:7, IsAmb. 1:5, 7:14 <sup>24</sup> Math. 26:28, IzE. 2:21, 4:12, Ef. 1:7, Kol. 1:14 <sup>25</sup> Math. 21:22, Joh. 6:35, 37-40, Rom. 10:13 <sup>26</sup> Heb. 11:6 <sup>27</sup> Joh.5:14, 8:11, Rom. 6:4, 1 Kor. 15:10, IsAmb.7:14, 22:14 <sup>28</sup> Math. 28:18-20, Joh.3:5, IzE. 2:38, 19:3-5 <sup>29</sup> Dut. 4:29, 13: 4, 26:16, Josh. 1: 8, 22: 5, 2 Thim. 2:15, 3:14-17, Jak. 1:22-25, IsAmb 3:18

Sicela uxhumane nathi ukuze uthole ulwazi olubanzi, noma izincwadi mayelana nezinye izihloko ongazithakasela.

**Tony Alamo, World Pastor (Umfundisi Wezizwe zonke), Tony Alamo Christian Ministries Worldwide P.O. Box 2948, Hollywood, CA 90078**

**Inombolo yethu yocingo esebeza amahora angamashumi amabili nane ngosuku, uma udinga ulwazi noma imithandazo:**

**+1 (661) 252-5686 • Fax +1 (661) 252-4362 • www.alamoministries.com • info@alamoministries.com**

Izinkonzo ZamaKristu zikaTony Alamo Emhlabeni jikelele, inikeza indawo yokuhlala nakho konke okuyizidindo zempilo kubo bonke abantu, ez- indaweni zethu eUS; abantu abafuna ngempela ukukhonza uSimakade ngayo yonke inhliziyo yabo, umphefumulo, ingqondo namandla.

**Izinkonzo zibanjelwa eNew York City njalo ngoLwesibili, ngo 8 P.M. nakwezinye izindawo ebusuku. Sicela ushayele ucingo**

**kulenombolo: +1 (908) 937-5723, ukuthola ulwazi. UKUDLA KUYANIKEZWA NGEMUVA KWENKONZO.**

Cela Incwadi kaMfundisi Alamo, UMesiya, ebonisa isambulo ngoKristu, esitholakala eTestamenteni Elidala, eziprofethweni ezingaphezu kuka-333 Iba isisebenzi ekuvuneni imiphefumulo ngokuba ubengumsabalali wezincwadi zikaMfundisi Alamo.

Zonke izincwadi zethu kanye nemilayezo elalelwayo kutholakala mahhala, nemali yokuposa, ikhokhwa yithi. Uma kukhona ozama ukukuk- hokhisa imali ngazo ngokungemthetho, shayela lenombolo yocingo +1 (661) 252-5686 (ucingo lukhokhelwa yithi, uma usifonela)

**LEZI ZINCWADI ZITHWELE UHLELO LWEQINISO LWENSINDISO (Izenzo 4:12).**

**MUSA UKUYILAHLA, DLULISELA KOMUNYE UMUNTU.**

**Kunina enikwamanye amazwe, sinikhuthaza ukuba nihumushe lezincwadi ngolimi lwenu lwendabuko.**

**Uma niphinda niyishicilela, sicela nifake le-copyright kanye ne-registration:**